IMIPHUMELA YOKUVUMELANISWA KWEMITHETHO YEMBEWU KU-FMSS NAKUBALIMI ABASAFUFUSA

Imithetho yembewu evumelanisiwe ikhathalela kuphela leyo mbewu eyakhelwe ezolimo zezimboni noma ezentengiselwano ngaphakathi kwesifunda esithile. Igodlela labo abasafufusa ngaphakathi kwesifunda ithuba nokwesekwa kokusebenza ngaphakathi kwezinye izinhlobo zolimo, ezifana nezolimo zesintu noma Ukulima okuhmabisana nemvelo.

Imithetho yembewu evumelanisiwe ayihlinzekiwe ngezinhlelo zembewu elawulwa umlimi (I-FMSS) kanye nezinhlobonhlobo ezikhiqizwa abalimi bendawo. Lokhu kungase kube nomphumela omubi omkhulu kuzinhlobonhlobo zendawo kanye nama-landrace ngezinga elikhulu, aseqalile kakade ukunyamalala.

Ukuvumelanisa kuzokwakha izimakethe ezinkulu zembewu yesifunda, kulimaze izinkampani zembewu zasendaweni futhi kunyuse ukusabalaliswa kwembewu egunyaziwe ngaphakathi kwesifunda. Lokhu kusho ukuthi abalimi abasafufusa bazophoqeleka ukuthi bathenge imbewu ethuthukisiwe ebizayo, izinkathi zonyaka zilandelana.

Imithetho yembewu evumalanisiwe ayibavumeli abalimi abasafufusa ukuthi bahwebe noma bashintshiselane ngembewu egcinwe ephuma emasimini kanye nezinhlobonhlobo zendawo ngale kwemingcele yezwe kanye nangaphakathi kwesifunda. Abalimi bangase bangene enkingeni enkulu uma bethutha imbewu eshintshisiwe ngale kwemingcele ngaphandle kwezimvume ezidingekayo. Nokho, imithetho yembewu evumelanisiwe ayizenqabeli izinkampani ezizimele ekutheni zintshontshe ulwazi lwendabuko kanye nembewu kubalimi bendawo ukuze kwakhiwe izinhlonhlobo ezithuthukisiwe, baphinde bayidayisele abalimi ngamanani aphezulu.

www.acbio.org.za info@acbio.org.za Tel +27 (0)11 486 1156

duducoelho.com